


IQINISO NGOKUTHI KUBIZANI UKULANDELA UJESU

- 1 eNorth Korea
- 2 iSomalia
- 3 iYemen
- 4 i-Eritrea
- 5 iLibya
- 6 iNigeria
- 7 iPakistan
- 8 e-Iran
- 9 e-Afghanistan
- 10 eSudan
- 11 Indiya
- 12 eSyria
- 13 Saudi Arabia
- 14 eMyanmar
- 15 eMaldives
- 16 e-Shayina
- 17 e-Mali
- 18 e-Iraq
- 19 e-Algeria
- 20 eMauritania
- 21 e-Uzbekistan
- 22 eColombia
- 23 eBurkina Faso
- 24 eCentral African Rep.
- 25 eVietnam

- 26 Turkmenistan
- 27 eCuba
- 28 eNiger
- 29 eMorocco
- 30 eBangladesh
- 31 eLaos
- 32 eMozambique
- 33 e-Indonesia
- 34 eQatar
- 35 Egibhithe
- 36 eTunisia
- 37 eCongo DR (DRC)
- 38 eMexico
- 39 e-Ethiopia
- 40 eBhutan
- 41 eTurkey
- 42 eComoros
- 43 eMalaysia
- 44 eTajikistan
- 45 eCameroon
- 46 eBrunei
- 47 e-Oman
- 48 eKazakhstan
- 49 eJordan
- 50 eNicaragua



IZINGA LOKUSHUSHISWA
● LIPHEZULU KAKHULI 61-80%
● LEDLULELE 81-100%

KUNGANI SITHANDAZA

Kwezinye izikhathi umkhuleko kuba iyona nto kuphela esikwazi ukunikela ngayo. Kwabanye abantu, lokho angeke kuzwakale kuyinto enkulu, nakuba ukukhuleka kungesinye sezinyathelo ezinamandla uMkhrestu angazithatha. Ngomkhuleko, asigcini ngokunxusela abanye, kodwa sisondele kuNkulunkulu ngawo, simnike izibongo. Iyona ndlela uNkulunkulu aguqula ngayo izinhliziyi zethu uqobo, nezabanye.

Ngakho ke, sebenzisa leli balazwe lomkhulekho ukuhlanganyela emkhulekweni nomndeni wethu oshushiswayo emhlabeni wonke. Sibonge uNkulunkulu ngomsebenzi awenzayo emazweni awu 50 ahamba phambili ekushushiseni ibandla. Sikhulekele nokukhula kokomoya emndenini wethu wokukholwa, kulamazwe. Ukuze baqhubeka babe usawoti nokukhanya kulezindawo ezisebumnyameni, lapho khona kunzima kakhulu ukuba nguMkhrestu.

Vakashela ikhasi lethu, ku: www.OpenDoors.org.za ukuze uthole kabanzi ngokushushiswa kwabazalwane.



Interactive ibalazwe.



“UNkulunkulu ufuna ukusisebenzisa ukwenza icebo lakhe, kuyinjabulo futhi kungukuzinikela kakhulu! Ngakho ke masiye emadolweni, sithandaze. Sengathi uNkulunkulu angasebenzisa umkhuleko wethu ukushintsha umlando kulezi zizwe, ngenxa yabantu bakhe nangenxa yodumo lwakhe!”

Brother Andrew, Umsunguli we Open Doors

THANDAZA

E-ASIA

Izifundazwe ezinkulu ezintathu ezingenabo ubuKhrestu, e-Asia, zinobu sulumane, ubuhindu, nobu bhuddha. Imindeni yabazalwane nemiphakathi, ihlala iyisesabiso kubona, ikakhulukazi labo abazifihlile, (secret believers). Kwamanye amazwe, abazalwane besatshiswa amaqembu ezidamlilo zezenkolo, ngisho no hulumeni imbala ngenxa nje yokukholwa kwabo. Babhekana futhi nodlame oluvela kuwo lama qembu, emindenini nasemiphakathini. Sibonga uNkulunkulu ngokuthi ibandla lakhe liyaqhubeka liyakhula noma lishushiswa. Khulekela ukuthi abanye abanangi abeze kuKhrestu.

E-AFRICA

Ibandla elishushiswayo e-Africa, ingxenyi enkulu yalo, ibhacile, njengoba izigidi zabazalwane zibalekele udlame. Ukubaleka sekwenze izindawo zasala zingasenabo abazalwane, futhi kubeka ababaleki engcupheni yokuhlukunyezwa kakhulu nokwethuka. Kulesisikhathi, izenzo zezidamlilo zamasulumane ziyaqhubeka ukwehlukana imiphakathi yama Khrestu neyamasulumane, ebihlangene. Sibonga uNkulunkulu ngomndeni wethu ozidelayo ezintweni zonke, ukuze umkhonze. Khulekela ukuthi uNkulunkulu abaduduze abahlinzeke futhi ezidingweni zabo labo abalahlekelwe ngenxa yeGama lakhe.

E-LATIN AMERICA

Abazalwane e-Latin America, ikakhulukazi labo, abasemiphakathini wendabuko, bayashushiswa ngenxa yokulandela uJesu. Kulemiphakathi, abavunyelwa ukuthola izinto ezizobasiza ezidingweni zabo, bayaphoqwa ukusebenza kanzima, bayiswa emajele, noma badingiswe endaweni. Okubuhlungu, yikho ukuthi baswele izinsiza kanye nolwazi ukuze balwe nalokhukungabi nabulungiswa. Makabongwe uNkulunkulu, ngoba phezu kwakho konke lokhu, abazalwane bayaqhubeka bakhuluma iqiniso. Khulekela ukuthi uNkulunkulu abahlinzeke kukho konke ababhekana nakho ngenxa yokukholwa kwabo.

E-ARABIAN PENINSULA

I-Arabian Peninsula iyi komkhulu lobusulumane. Isikhathi eside, kulamazwe akwi Peninsula, bekungekho ama gruphu abazalwane aziwayo. Namhlanje kunebandla elivelayo, nabaningi bafuna iqiniso. Makabongwe uNkulunkulu ngomsebenzi awenzayo kulezindawo. Khulekela ukuthi uMzimba kaKhrestu ukhule emandleni ukhule nangenani, ube ukukhanya ebumnyameni.

E-MIDDLE EAST

Ngenxa yokushushiswa, impi, ukubaleka, nokuntengantenga komnotho, umphakathi wamaKhrestu e Syria nase Iraq, usengcupheni enkulu. Ibandla linciphile ngenxa yokuthi baningi ababalekayo, beshiya amazwe abo ngenxa yezidamlilo zama sulumane, ezihlala ziyisesabiso kubazalwane. Sibonga uNkulunkulu ngensali esasele endaweni. Khulekela ukuthi uNkulunkulu aphakamise umndeni wethu ukuze uqhubeke ubambe iqhaza emphakathini yase-Middle Eastern, ngenxa yodumo lwakhe.

Uhlala olubukwayo luka zwelonke lwakwa Open Doors okuthiwa yi-World Watch List (WWL) lukhishwa njalo ngomasingana (January), bese bebenka amazwe angamashumi amahlanu lapho abazalwane bebhakana kakhulu nokucindazela. Ingcindazelo ichazwe njengenye yenzondo etholwa ngama Khrestu ngenxa yokukholwa kuJesu. I-WWL ikuthathele phezu kwimikhakha yonke yempilo kanye nezigameko zodlame. Izindlela zokufinyelela kumaphuzu ngokwezibalo zamazwe nokuqhathaniswa kwamazwe ngamazwe kuye kwahlolwa ngokuzimele ngabesikhungo sikazwelonke sokukhululeka kwezinkolo (IIRF) kanye nokuhlolwa kabanzi kwezicelo emazweni ayisampula. Isitatimende esengeziwe, imibhalo nokuhunyushwa okwenziwe u-Open Doors, egxile, noma embandakanya nemibhalo ye-WWL, kuzohlala ingaphandle komsebenzi walesitatimende. Lombiko wenziwe ngesikhathi esiphakathi kuka: 1 October 2021 – 30 September 2022.